


**TRUTH  
CENTERED  
TRANSFORMATION**

**MODULE**



# **ITSWAYI LOKUKHANYA UGWALO LWABABALISI**

Truth Centered Transformation is a ministry of Reconciled World. Learn more at [tctprogram.org](http://tctprogram.org).



Inguquko Egxile Eqinisweni—Ugwalo Lwezifundo: Itswayi lokukhanya v5. Copyright ©2020<sup>[1]</sup>Reconciled World, Phoenix, Arizona, United States of America. [www.reconciledworld.org](http://www.reconciledworld.org)

Lumsebenzi wenziwe ngokomthetho weCreative Commons Attribution-ShareAlike 3.0 license. Uvunyelwe njalo uyakhuthazwa ukuwuguqula, ukuwukopa, ukuwupha, lokuwusabalalisa ulandela imigoqo elandelayo:

**Ukucaphuna** -- Kumele utshengise ukuthi ucaphunile kulumsebenzi ngokufaka okulandelayo uma uthe wawusebenzisa: Copyright © 2017. Published by the Reconciled World ([www.reconciledworld.org](http://www.reconciledworld.org)) Phansi kwemigoqo yeCommons Attribution-ShareAlike 3.0 license. Uma ufuna ukufunda lokhu ngobubanzi ungafika ku. [www.creativecommons.org](http://www.creativecommons.org).

**Lumsebenzi Awuthengiswa** – akumelanga usebenzise lumsebenzi ukuthi uzuze imali.



Uma ufisa yinxenye yalaba abatolika lumsebenzi ungaya ebulenjini ku [info@tctprogram.org](mailto:info@tctprogram.org) [info@tctprogram.org](http://info@tctprogram.org).

Yonke imibhalo esetshenziswe lapha ithethwe eBhayibhilini Elingcwele, ele New International Version®, NIV®. Copyright ©1973, 1978, 1984, 2011 by Biblica, Inc.TM Esetshenziswe ngokuvunyelwa ngu Zondervan. All rights reserved worldwide. [www.zondervan.com](http://www.zondervan.com) I“NIV” le“New International Version” ngama trade mark avunyelweyo kwele United States Patent leTrademark Office eyeBiblica, Inc.TM

# Isifundo sakuqala: Itswayi Lokukhanya

**Umqondo Omqoka:** Njengetswayi, impilo zethu kumele zidale inguquko lapho esikhona lasezigabeni zethu.

## Isingeniso

*Phakamisa igabha eliletswayi phakathi.* Itswayi yinto esetshenziswayo ukwenza izinto zibe ngcono!

- Liyengeza ubunandi akudleni. Liyasebenza njalo ukuhlanya izinto lokuzigcina. Imizimba yethu idinga itswayi ukuthi iphile.
- Itswayi lingumfanekiso wesimo samaKristu.

## Imiqondo Emqoka

### **Woba njengetswayi ngokunakekela isigaba sakho**

UMatthewu 5:13

*‘Lina lilitswayi emhlabeni; kodwa uba kodwa uba itswayi seliduma, lizakuvuselwa ngani na? Kalisasizi lutho, kuphela ukulahlwa ngaphandle, linyathelwe ngabantu.’*

- UJesu ukhuluma labalandeli bakhe. (thina).
- UJesu utshela abalandeli bakhe izinto ezimbili ngokubafanisa letswayi.
  - Itswayi liqakathekile – siqakathekile kakhulu.
  - Itswayi liyasebenza – lathi siyenelisa ukusebenza ezigabeni zethu.

## **Indatshana**

Cabanga abantu ababili bengene esitolo besiyathenga amabele, othengisayo ubanikeza itshintshi enengi bonke. Owaqala ukuthenga uyazihlekela ehleka ukungafundi kukamathengisa azigcinele imali. Owathengayo owesibili, utshela umathengisa ngephutha alenzayo abisele imali. Othengisayo uyabonga avume ukuthi ulenkinga lenombolo lokuthi lokhu sokulimaza ibhizimu lakhe. Owathengayo owesibili uzinikela ukufundisa othengisayo uma elesifiso sokufunda.

- Othengayo owesibili ubalitswayi. Utshengisa ukuqakatheka kwakhe ngokuba lusizo kumathengisa – wenza isigaba sakhe sibe yindawo engcono yokuphilela.
- Lathi kumele sibe liTswayi, nsuku zonke senze izinto zibe ngcono kulabo esiphila labo ezigabeni zethu.

### **Woba yikukhanya, yenza okuhle ukuze ulethe udumo kuNkulunkulu**

- Ukukhanya kusincedisa ukuthi sibone njalo kuncedisa izinto ukuthi zikhule.

KuJohane 8:12, uJesu uthi:

*‘Mina ngiyikukhanya komhlaba; ongilandelayo kasoze ahamba emnyameni, kodwa uzakuba lokukhanya kokuphila.’*

- Singalandela uJesu, uyasitshengisa indlela yokuphila ngayo.

UMatthewu 5:14–16

*‘Lina liyikukhanya emhlabeni. Umuzi owakhiwe phezu kwentaba ungesitheke. Labantu kabalumathisi isibane basibeke ngaphansi kwesitsha, kodwa basibeka esiqobaneni ukuze sibakhanyisele bonke abasendlini. Kunjalo ke kakukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu ukuba babone imisebenzi yenu emihle, badumise uYihlo osezulwini’.*

- Sikhanyisa izibane zethu ngokwenza okuhle. Abantu bazakubona badumise uNkulunkulu.
- Lo ngumsebenzi webandla emhlabeni. Uma abantu bakaNkulunkulu bengakhetha ukungakhanyisi izibane zabo, izigaba zabo zihlala ebunyameni zingela themba.

### **Indatshana ezimbili eziyisibonelo**

Kwesinye isigaba, kwakusithi umuntu engagula, inyanga yayibuya ibatshele ukuthi banikele isifuyo ukuze bacetshiswe ngemikhuhlane lokuthi banikezwe imithi yokwelapha.

Abazalwane bathe sebefunde okweTCT, baqala ukusebenzisa izifundo lezi ukwelapha imikhuhlane ejwayelekileyo emulini zabo lakubomakhelwane. Abantu bonke bakunanzelela ukuthi abantu ababelandela ababekuxwayiswa ngabazalwane babephiliswa bengazange banikele isifuyo. Kathesi abantu abakhele kulesi sigaba sebezama ukuvikela lokwelapha imikhuhlane kulokwenza imihlatshelo. Lokhu kwenza begcine imali zabo njalo behlale belempila kahle! Ukusebenzela uNkulunkulu kwenza impilo zamaKristu zibengcono. Kwenza impilo zabanye zibe ngcono njalo!

Kwesinye isigaba kwakusithi abantu bengayavuna ensimini yomunye kwakumele abaphekele ukudla okunengi abathengele lamanamnede. Kwezinye izikhathi ukwenza ilima leli kwakuthatha imali enengi ukwedlula lokho umuntu ayezakuthola esivunweni lesi! Ngemva kokufunda ngezenzo zothando amakristu akulesisigaba bakhetha ukuncedisa emasimini abantu abazwelayo bengadingi mbadalo. Abantu bamangala ukuthi amaKristu ayengancedisani wona wodwa kodwa ayencedisa labanye abangakhonziyo. Ngemva kwesikhatshana ezinye izakhamizi zakubona lokhu lazo zaqala ukusebenza kungela kudla lamanamnede ezizakunikwa. Kathesi wonke umuntu esigabeni lesi uzimisele ukusebenza emasimini omunye kungela mbadalo azayithola. Omunye lomunye uyabuya lomphako wakhe, basebenze ndawonye ngenxa yalokhu imuli inye ngayinye iyenelisa ukuba lenzuzo ethile. Kathesi abantu sebesilangazelela isikhathi sokuvuna abasazikathazi ngaso, ngalokho abakutholayo bayanelisa ukugcina imuli zabo.

- Ibandla lenza izenzo ezihle lenza izigaba zalo zaba ngcono.
- Kathesi abantu bezigabeni bayakwazi ukuthi uNkulunkulu wamaKristu muhle.
- *Xoxa ngezinye indaba zesigabeni sakho ukhumbuze ibandla ukuthi isigaba sakuthatha njani lokhu.*

### **Isiphetho Lokwenza**

Kumele sibe litswayi, siguqule izigaba zethu zibengcono.

Kumele sibe yikukhanya, sisenza okuhle ukuze uNkulunkulu adunyiswe.

- Ngempela ngiyakholwa na ukuthi uNkulunkulu ukhangelele ukuthi abakholwa kuye – okugoqela mina lebandla engikhonza kulo – badale umehluko esigabeni sethu?

*Mfundisi: Thandaza ukuthi uNkulunkulu atshengise ibandla indlela yokuba litswayi lokukhanya. Thatha imizuzwana ulinde ngokuthula ukuthi aphendule.*

# Isifundo sesibili: Ukudumisa uNkulunkulu

**Umqondo Omqoka:** Injongo yokuba litswayi lokukhanya kwabanye yikuthi sidumise uNkulunkulu kukho konke esikwenzayo.

## Ukuphindela Emuva Kusifundo sakuqala

Njengetswayi lokukhanya, impilo zethu kumele zenze izinto zibe ngcono ezigabeni zethu.

UMathewu 5:16

*‘Kunjaloke kakukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu ukuba babone imisebenzi yenu emihle, badumise uYihlo osezulwini’.*

## Isingeniso

- Injongo yokuba litswayi lokukhanya yikuthi uNkulunkulu adunyiswe.
- Intshumayelo le ikhangela kakhulu ukuthi kutshoni ukudumisa uNkulunkulu.

## Imiqondo Emqoka

### **Impilo zethu kumele zidumise uNkulunkulu**

- Isisuka sendatshana: AbakoIsrayeli babengabakhethiweyo bakaNkulunkulu. Wabahlenga ebugqilini eGibithe, bahamba enkangala besiya ezweni uNkulunkulu ayenathembise lona (UEksodusi).
- Bathe befika kulindawo bathuma abahloli. Abahloli ababili bakhuluma ngokudla okuhle lomhlabathi omuhle. Abanye bonke bakhuluma ngezingozi ‘bagcwalisa indaba ezimbi’ (Amanani 13).
- Abantu abazange bathemba uNkulunkulu. Babefuna ukubuyela eGibithe. Ephendula lokhu uNkulunkulu wathui wayezakubhidliza abakoIsrayeli azenzele abantu abatsha abasuka kuMose. (Amanani 14:1-12).

Amanani 14:13-16

*UMose wathi eNkosini: Kodwa amaGibithe azakuzwa lokhu; nguwe owakhupha lababantu phakathi kwawo ngamandla akho. Azakutshela abantu balelilizwe. Bezwire labo ukuthi wena Nkosi uphakathi kwalababantu, lokuthi babonana lawe, lokuthi iyezi lakho liphezu kwabo usensikeni yeyezi emini lensikeni yomlilo ebusuku. Uba ubulala lababantu ubaqede, izizwe ngodumo lwakho zizakuthi: INkosi yahluleka ukungenisa lababantu elizweni eyafunga ukubanika lona, ngakho ibabulele enkangala.’*

- UMose uncenga uNkulunkulu ukuthi axolele abantu laba.
- UMose uzikhathaza kakhulu ngesithunzi sikaNkulunkulu ukwedlula esakhe. Wayefuna ukuba kudunyiswe uNkulunkulu.

- Uyazibuza, 'Yikuyini abantu abazakucabanga ngoNkulunkulu uma lokhu kungenzakala?' U'ose ukhathazwa yikuthi uma uNkulunkulu engabhidliza abakolsrayeli, kutsho ukuthi abaseGibithe labanye bazacabanga ukuthi uNkulunkulu wehlulekile ukugcwalisa isethembiso sakhe sokubasa elizweni lesithembiso.

1 KwabaseKorinte 10:31

*'Ngitsho ukuthi loba lisidla, loba linatha, loba lisenzani, konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu'.*

- Uyake ucabange ngesithunzi sikaNkulunkulu?
- Konke esikwenzayo, loba into elula efana lokudla kumele siyenzele ukudumisa uNkulunkulu.
  - Uma izindlu zamaKristu kuyizo ezingaphathwa kuhle ukwedlula zonke ezisesigabeni, kungela okhangela imfuyo zabo, abantwana babo begqoka izigqoko ezingcolileyo, ubona angathi abantu bacabangani ngoNkulunkulu?
    - 'UNkulunkulu okhangela okukamoya kuphela kodwa akalandaba lezimuli'.
    - 'UNkulunkulu akalamandla aneleyo awokuthi anakekele abantu bakhe'.
- Lokhu kungabe kusitsho ukuthi kumele sinothe kumbe sibemsulwa ukuze sidumise uNkulunkulu.
  - UJesu wazalelwa emulini eswelayo.
  - Kumele sisebenzise lokho uNkulunkulu asinikeza khona ngamandla wonke ukuze simdumise.

## INDATSHANA

Kulemuli eyathutha yaya kwelinye ilizwe yayogcinwa lapho okuhlala abayabe bevela kwamanye amazwe ngenxa yokuthi elizweni ababehlala kulo kwakulempi. Impi ingakaqalisi imuli le yayinothile kakhulu. Kathesi yayisisuka ekuhlaleni kuhle ezindlini ezezinga eliphezulu besiyahlala endlini eyisigombolozu ebunjwe ngodaka. UNkosikazi wakuli muli wayengayinakekeli ngendlela efaneleyo ngakho yaphanga ukuba duma. Wayekhumbula indlu enhle ayelayo ngakho wayehlala ecabanga ngalokho angelakho, ngemva kwesikhathi esithile umnewabo womkakhe weza ukuzohlala labo. Wathanyela iguma wahlanza indawo lapho ababehlala khona, walungisa okwakufuna ukulungiswa endlini, wadobha amaluba amalutshwane wafaka endlini eletha ubuhle bukaNkulunkulu phakathi endlini. Wahlala okwamaviki ambalwa esenza imisebenzi le kungela mali ayisebenzisayo. Ngokufaka amaluba lokuhlaza indlu, lokufaka impahla ngendlela eyiyo kwenza umuzi lo uguquke. Lokhu kwanikeza ithemba hatshi kumama waleli khaya kuphela kodwa kumuli yonke lakubomakhelwane njalo. Lanxa imuli le yayilokhu iswela, indlu abahlala kuyo ilokhu incane, umnewabo wasebenzisa lokho imuli eyayilakho ukudumisa uNkulunkulu ngesikhathi bephakathi kobunzima.

- Umnewabo wazama ukudumisa uNkulunkulu ngakho konke, loba izinto ezincane. Kwaletsha umehluko lokhu.
- Uma zingazinakekela, imuli zethu, impahla zethu kuzenza uNkulunkulu abukeke emuhle.
- Abantu bazacabanga ukuthi, 'uNkulunkulu abamkhonzayo muhle kakhulu. Imilayo yakhe mihle. Indlela zakhe zinhle ukwedlula zonke!'

## **Impilo zethu kumele zinikeze uNkulunkulu isithunzi**

2 KwabaseKorinte 5:20

*'Ngakhoke siyizithunywa zikaKristu okuyikuthi, ngakho uNkulunkulu uyalincenga ngathi'.*

- Isithunywa ngumuntu ohlala elizweni elingasilakibo kodwa emela izwe lakibo kulelozwe ahlala kulo.
  - Konke akutshoyo, indlela agqoka ngayo kumele kulethe inhlonipho lenzuzo ezweni lakubo.
  - Engenza okubi, kwenza ukuba isizwe asimelayo sibukeke sisibili
- Lokhu kuyafana lokuba lomntwana. Uma umntanakho esenza okubi, uyayangeka. Umntanakho engenza okuhle uyaziqhenya ngaye. Kukwenza ubukeke kuhle.
- Siyizithunywa zombuso kaNkulunkulu. Singabantwana bakhe.
  - Uma abantu besikhangela lempilo esiyiphilayo babona ukuthi uNkulunkulu unjani.
  - Sifuna babekwazi ukuthi uNkulunkulu mkhulu njalo muhle. Kumele babone intokozo, umusa lothando lokuzinikela uNkulunkulu asipha lona.

## **Ukuphilela udumo lukaNkulunkulu kusilethela intokozo**

UJohane 15:10-11

*'Uba ligcina imilayo yami, lizakuhlala othandweni lwami, njangalokhu lami ngigcine imilayo kaBaba ngihlala othandweni lwakhe. Lezi zinto ngizikhulume kini ukuza ukuthokoza kwami kube kini lokuze ukuthokoza kwenu kugcwale.'*

- Ukugcina imilayo kaJesu akusimthwalo onzima, kodwa yintokozo.
- Njengoba uJesu wayethokoza ekulaleleni uBaba, lathi siza thokoza ekumlaleleni kwethu. Siba lentokozo egcweleyo uma silandela indlela zakhe, njalo uNkulunkulu uyadunyiswa.

## **Isiphetho Lokwenza**

1 UPetro 2:12

*'Lihambe ngokuhle phakathi kwabezizwe[abangakhulwayo], ukuze kuthi lapho belihleba ngokuthi lingabenzi bokubi, bathi ngokubona izenzo zenu ezihle badumise uNkulunkulu osukwini lokuhanjelwa.'*



- Cabanga ngendlela omele uNkulunkulu ngayo kuviki edluleyo. Uma abantu bekhangela impilo yakho, bangacabangani ngoNkulunkulu? Kukhona na omele ukuguqule ukuze abantu babone ukuthi uNkulunkulu muhle kangani?
- Injongo yethu ekuphileleni indumiso kaNkulunkulu yikuthi abanye babone ubuhle bakhe labo bamdumise. Akukho kuhle na ukuthi ngokuphila ngalendlela, uNkulunkulu uyaqhubeka esibusisa asinikeze intokozo? Silesizathi sokumdumisa!

# Isifundo sesithathu: UbuKristu

## Beqiniso

**Umqondo Omqoka:** UbuKristu beqiniso bubonakala ngezenzo zethu ezaphandle ezivela emuntwini ongaphakathi kwethu. Ziyimpumela yothando lwethu kuNkulunkulu.

### Ukuphindela Emuva Kusifundo sakuqala lesesibili

Njengetswayi lokukhanya, impilo zethu zikhangelelwe ukuba zenze izinto zibe ngcono endaweni lapho esikhona lasesigabeni. Injongo yokuba litswayi yikuthi sidumise uNkulunkulu kukho konke esikwenzayo.

### Isingeniso

Ungabona na ukuthi umuntu ucabangani ngokumkhangela nje na? kuqakathekile yini esikucabangayo? Namhla, abantu abathathu abenza okuhle bazasitshela ukuthi bacabangani. (*Mfundisi: ungabala umdlalo womuntu munye ngamunye, kumbe ungacela ilunga lebandla lilungiselele ukubala isifundo singakaqalisi.*)

### Imiqondo Emqoka

**Ungenzi izenzo zothando ukuthi uzitshengise ubuncitshi bakho.**

UMUNTU WAKUQALA

(NGOKUZIQHENYA) Kwenza usuthiseke kangani! Namhla ngitshumayeze ixuku labantu edolobheni. Izipika zami zisebenze kakhulu ngoba umuntu wonke uzwile imithandazo yami eqakathekileyo lemithetho yami kamoya. Ngibatshelile bonke ngendlela abamele baphile ngayo, ngiyazi ngibakhombisile, ngoba baphakamise izandla besithi bafuna ukuba ngamaKristu ngemva kwentshumayelo yami. Eqinisweni yimi umvangeli odlula bonke esigabeni lesi – akekho ophumelela njengami. Akumangalisi lokho: ngihlala emthandazweni okwamahola amabili ngibale iBhayibhili okwehola elilodwa nsukuzonke. Ngeviki eyadlulayo ngazila ukudla okwamalanga amathathu, ngacela uNkulunkulu ukuthi kuphenduke abantu abangu150 kulinyanga. Ngethemba engabona indlela engikhuleka ngayo ngizila ukudla uzaphendula umthandazo wami. Kulusizi ngoba abangeni emoyeni njengami. Abakwazi ukuzinikela emsebenzini kaNkulunkulu ngokupheleleyo...O! kanje kulesidakwa sasesigabeni sethu. Kukhanya akasoze akwanise ukuyafika endlini kathesi khona kutshaye ihola lesihlanu! Kumele azwe ezinye intshumayelo zami! Kodwa hayi, angila sikhathi sakhe kathesi – yisikhathi sokukhuleka!

- Umuntu lo uyaziqhanya ngokwenelisa lokwenza kwakhe.
- Ubona angathi ulungile kulokho akwaziyo lakwenzayo. Ubona angathi angathola umusa kaNkulunkulu ngomsebenzi wakhe.
- Umuntu lo ufana labafarisi.

- AbaFarisi babengabakhokheli bebandla ngesikhathi sikaJesu. Babezikhathaza ngokubamsulwa okokuthi basebeyengezelela imithethwana phezu kwemilayo elitshumi. Babengakhangelela ukuthi wonke umuntu alandele lemithetho yabo njalo. Abantu babecabanga ukuthi akekho ongaba 'ngcwele' njengabaFarisi.

UMathewu 23:5a

*Imisebenzi yabo yonke bayenza ukuba babonwe ngabantu.*

UMathewu 23:25

*Maye kini babhali labaFarisi, bazenzisi! Ngoba lihlambulula ingaphandle yenkezo leyomganu, kodwa ingaphakathi igcwele ubuhwaba lokuphanga.*

- AbaFarisi babelezenzo ezihle kodwa, ngaphakathi beyizihwaba njalo bezikhukhumeza, bezikhathaza ngokuthi bekhanye belungile.
- UJesu wabahlulela ngalokho okwakusenzelweni zabo.
- Singalingwa ukwenza izinto ezihle ukuze sikhanye silungile kulokuthi senze sithanda uNkulunkulu lokuthi abanye babone ukuthi muhle kangani.
- UNkulunkulu ukhangela kakhulu ubudlelwano bethu laye.
  - Izenzo zethu kumele zivele ebudlelwaneni bethu laye.

## Izenzo ezihle ezingela thando kazitsho lutho

UMUNTU WESIBILI

(UKHUNGATHEKILE) Yu! Ngidiniwe! Ukuba lilunga lebandla kungiqedela isikhathi sami ESINENGI! Amaviki wonke ngichitha isikhathi sami ngincedisa abanye. Yikho umfundisi wathi ngiyisibusiso ebandleni! Namuhla ngivakatshele abantu abagulayo abathathu ngabaphathela ukudla. Ngeviki esanda kudlula kancedisa ekwakheni indlu yomfelokazi... (SEQALA UKUZONDA) Kungayisikho ukuthi ngyamzwisisa umama lowana. Kazange watshengisa ukuthokoza ngalokho akwenzelweyo. Ubongile sibili, kodwa ebesenza angathi bekuvele amele enzelwe khonokho. Angibathandi abantu abanjalo. Abazwisisi ukuthi ukubancedisa kuyabe kuyikuzinikela. Phela mina ngile muli yami okumele ngiyigcin. Kodwa yena akabongi ngitsho. Abantu kumele bahloniphe imizamo yami. Isiwula somfelokazi ngabe angizange ngamncedisa.

- Umuntu wesibili ufuna ukuziqhenya ngalokho akwenzayo, ngakho kuyamkhuba uma umfelokazi engasabonganga ngendlela akade ekhangelela ngayo.
- Wenza izinto ukuze abantu bamdumise hatshi ngoba ebathanda okweqiniso.

1 KwabaseKorinte 13:1–3

*Loba ngingakhuluma ngendimi zabantu lezezithunywa, kodwa ngingelalo uthando, ngisigubhu esikhalayo lensimbi encencethayo. Loba ngingaba lamandla okutshumayela, ngiqedisisa imfihlakalo zonke lokwazi konke, loba ngingaba lokukholwa konke kokuba ngisuse intaba, kodwa uma ngingelalo uthando kangasilutho. Loba nginganika abayanga konke engilakho, loba nginganikela umzimba wami ukuba utshiswe, kodwa uba ngingelalo uthando kakungisizi ngalutho.*

- Umuntu wesibili uswela uthando. Ukusebenza singelalo uthando enhlizweni zethu akwanelanga! Kumele sibe lothando ukuze izenzo zethu zothando zibelesisindo.

## **Uthando lukaNkulunkulu lusenza senelise ukuthanda abanye**

1 UJohane 4:7–8

*Bathandekayo, asithandane, ngoba uthando luvela kuNkulunkulu; othandayo uzelwe nguNkulunkulu, futhi uyamazi uNkulunkulu. Ongathandiyo akamazi uNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu uluthando.*

- UNkulunkulu ngumthombo wothando. Kumele sikhangele kuNkulunkulu ukuze asinikeze uthando lapho sisizwa singafuni ukuthanda. Indlela zokukhula othandweni:
  - Khumbula indlela uNkulunkulu akuthanda ngayo.
    - Akumelanga ube ngcono kulabanye. Uqakathekile kuye unjalo.
    - Khumbula ivesi efana lo Isaya 49:15. *‘Kambe owesifazana angamkhohlwa umntanakhe omunyayo, angabi lesihawu kuyo indodana yesisu sakhe na? Yebo mhlawumbe angamkhohlwa; kodwa mina ngeke ngikukhohlwe wena!’*
  - Mthandazele umuntu ozwa kunzima ukumthanda.
    - Uthando luyakhula ngesikhathi sithandazela abantu – loba labo esingabathandiyo.
    - Cela uNkulunkulu akunikeze uthando lokubathanda. Qhubeka usenza lokhu.
  - Funda ngomuntu lowu
    - Esikhathini esinengi uma usuzwisisa umuntu, uthando lwakho kuye luyanda.
- Ukuthanda umuntu kutsho ukuthi simfisela okuhle.
  - Akutsho ukuthi uvumelana lakonke akwenzayo.
    - UJesu wachitha isikhathi, lezifebe, abathelisi, lezinye izoni. Wayebathanda, wadla labo, wabelana impilo yakhe labo, wabasebenzela.
  - Uma sisizwa kungatsho ukuthi sithande, singazama ukutshengisela uthando komunye.

## **UMUNTU WESITHATHU**

(UTHOBKILE) Ngihlala ngithokoziswa ngu (umuntu wakuqala) lo (umuntu wesibili). Ngabantu abathanda ezikamoya njalo benza izinto ezihle ezinengi ebandleni. Kodwa kungathi angisoze ngenelisa ukwenza kuhle njengabo. Namhla ngizamile ukuthatha isikhathi ngikhuleka, kodwa ngemva kwemizuzwana indodakazi yami iwile yasikwa edolweni, ngakho ngahle ngama ngaqala ukegezisa isilonda sakhe lokusibhanditsha. Kwahle kwaba yisikhathi sokuhambisa abantwana esikolo. Ngemva kwalokho ngaya ukuyosebenza emasimini. Sengibuyela ekhaya ngidlule ngibona umfelokazi ongumakhelwane. Umama lo oswelayo – ulahlekelwe yindoda emalangeneni asanda kudlula, njalo ugcwele intukuthelo. Ngimzwela usizi

kakhulu. Sathatha amahola ambalwa sixoxa ngimncedisa ukuwatsha, sathandaza ndawonye. Ubesekhanya ejabulile, kodwa ngiyafisa ukuthi ngabe kukhona okunye engingakwenza ukuthi ngimncedise. Inhliziyo yami iyamdanela. Ngabe bengingokamoya njengabanye, mhlawumbe ngabe ngiyenelisa ukwenza okunengi njengabo. (Ukhothamisa ikhanda) Baba, ngicela ungixolele endleleni engingaphelelanga kuzo. Ngifuna ukuphila impilo ephakamisa wena. Ngitshengise indlela yokusebenzisa isikhathi sami lindlela yokuthanda abanye ngendlela ofisa ngayo. Ngidinga usizo lwakho; ngiyazi angenelisi ngingedwa.

- Umuntu lo uyakwazi ukungenelisi kwakhe njalo ukhangelele ukusizwa nguNkulunkulu ukuthi amsize ukuthi athande abanye.
- Akumelanga sibe msulwa. UNkulunkulu ulangazelela ukuthi simnikeze lokho esilakho suku lunye ngalunye ukuze adunyiswe, lokhu sikwenza okusukela ethandweni.

### **Isiphetho Lokwenza**

- Kumele sibe litswayi lokukhanya ukuze silethe udumo kuNkulunkulu.
- Izenzo ezihle ezenzwa ngothando kumele ziqale ngobudlelwano obuqondileyo loNkulunkulu.
  - Kungekho lokho sizafana labalingiswa ababili abakuqala – abenza okuhle kodwa bengelalo uthando njalo sebezikhukhumeza – Unkulunkulu uyabe engasoze adunyiswe ngenxa yalokhu

Cabanga njalo ngabantu abathathu – nguphi ophose ahambelame lawe? Cela uNkulunkulu ukuthi ahlanze inhliziyo yakho njalo akutshengise impendulo zemibuzo elandelayo:

- Ngifuna uNkulunkulu adunyiswe njalo abatshazwe ngenxa yalokhu engikwenzayo? Kumbe kikhangelele ukubatshazwa ngabanye?
- UNkulunkulu ngimdinga okweqiniso yini, kumbe ngenza izinto ezihle kuphela uma abantu bengikhangele? Imuli yakwami ngiyiphatha njani uma kungela muntu okwaziyo? Ngiyathanda okweqiniso na kumbe ngifuna abantu bacabange ukuthi ngingcwele?
- Ngiyenelisa na ukuthanda umakhelwane wami okweqiniso, kumbe kumele ngicele uNkulunkulu ukuthi aguqule inhliziyo yami ukuze ngithande okweqiniso?

*Mfundisi: Tshela abantu bathandaze ndawonye ukuze uNkulunkulu aguqule inhliziyo zethu lezenzo zethu ukuze zitshengise uthando lwakhe lweqiniso ezigabeni zethu.*

# Isifundo sesine: Ukukhipha Isono Lokuguqula Inggondo Zethu

**Umqondo Omqoka:** Ukuze sibe litswayi lokukhanya ezigabeni zethu kumele sithathe inyathelo okunqoba isono.

**Impahla ongakhetha ukuyisebenzisa:** Insiza ebonwa ngamehlo evela kusifundo sesine egwaleni lwezifundo lweTswayi lokukhanya.

## **Ukuphindela Emuva Kusifundo 1-3**

Kumele sibe litswayi lokukhanya ezigabeni zethu ukuze silethe udumo kuNkulunkulu. Izenzo ezihle kumele ziqale ngobudlelwano loNkulunkulu, ukuze senelise ukuthanda abanye. Uma singelathando singenza izenzo ezihle kodwa zingatsho lutho. Singaphetha sesiziqhenya kumbe sikhungathekile.

## **Isingeniso**

Sikhangele ingxenye yesibili kaMathewu 5:13.

*Lina lilitshwayi emhlabeni; kodwa uba itshwayi seliduma, lizakuvuselwa ngani na? Kalisasizi lutho, kuphela ukulahlwa ngaphandle, linyathelwe ngabantu.*

Namhla sizakhuluma ngokwenzakala uma itswayi seliduma.

## **Imiqondo Emqoka**

**Isono senza sibe litswayi eliduma.**

- Isono sifana lokungcola kwetswayi. Sisenza sibeduma njalo singasizi ngalutho esigabeni sethu.
- Isono yiloba yini esemicabangweni yakho, amazwi, kumbe izenzo ezingalunganga phambi kwentando kaNkulunkulu.

1 Johane 1:8

*Uba sisithi kasilasono, siyazikhohlisa, leqiniso kalikho kithi.*

- Sonke siyizoni. Siyaqhubeka sisona.
- Sonke kumele sibekwazi ukuthi isono sikhitshwa njani ukuze siphinde sibe litswayi.
- Thandaza: *Nkosi, sinikeze inhliziyi ezizimiseleyo lokuzwisisa indlela yokunqoba izono zethu.*
- Ezifundweni ezibili ezilandelayo sizafunda inyathelo amathathu alula awokunqoba isono empilweni zethu.
  1. Ukukhipha isono
  2. Ukuguqula ingqondo zethu
  3. Ukufaka okuhle endaweni yokubi

## Inyathelo lakuqala ekunqobeni isono yikusikhipha isono

### Iba sazi isono



- Cela uNkulunkulu ukuthi akutshengise isono afuna ukuba uguquke kiso. (Kungaba yinto esiyezayo kumbe yinto esehluleka ukuyenza.)

Amahubo 139: 23–24

*Ngihlola, Nkulunkulu, uyazi inhliziyoyami; ngilinga, uyazi imicabango yami, ubone ukuba ikhona indlela embi kimi yini, ungihole endleleni engapheliyo.*



### Vuma isono uthethelelwe

1 Johane 1:9

*Uma sivuma izono zethu, uthembekile yena, ulungile futhi, ngakho uzakusithethelela izono zethu, asihlambulule kukho konke ukungalungi.*

- Akula sono esesabekayo uNkulunkulu angeke wasithethelela! Wethembekile ukusithethelela ZONKE izono zethu.
- Vuma kwabanye. Uma sonele omunye umuntu, ubudlelwano bethu sobonakele kumbe sebhukile ngenxa yesono sethu. Kuqakathekile ukuthi ukuthi sivume isono sethu sicele ukuthethelelwa ukuze ubudlelwano lobo bubuyiswe njalo.



### Phenduka

- Ukuphenduka kutsho ukutshibilika. Kutsho ukuzinikela ukusuka esonweni usiya entandweni kaNkulunkulu. Kuqakathekile ukuphenduka ukuze ungaphindi isono.

UJobe 31:1

*Ngazimisela ukuba kangiyikukhangela intombi okokuyihawukela ngamehlo ami.*

- UJobe waphenduka. UNkulunkulu wabiza uJobe ngokuthi ‘akalasici njalo uqotho’ (UJobe 1:8), loba kunjalo uJobe wakubona kuluncedo ukuthi azimisele phezu kwalesi sono. UNkulunkulu uyahlonipha labo abafisa ukunqoba isono sabo.

## Inyathelo lesibili ekunqobeni isono yikuguqula inqondo zethu

### Thandaza nsuku zonke



- Angeke sinqobe isono ngemizamo yethu kuphela.

KwabaseRoma 7:19–20

*Okuhle engikuthandayo angikwenzi, kodwa okubi engingakuthandiyo yikho engikwenzayo. Uba ngikwenza lokho engingakuthandiyo kakuseyimi engikwenzayo kodwa yisono esihla kimi.*

- Sidinga usizo lukaNkulunkulu ukuze sikhiphe isono enhlizweni zethu. Ukuthandza kusikhumbuza ngokukhangelela kwethu kuNkulunkulu lezimiso zethu kuye. UNkulunkulu uzasisiza.

UMathewu 26:41

*Linda uthandaze ukuze ungaweli ekulingweni.*



### Lawula ukucabanga kwakho

- Izono ezinengi zenziwa kabili – okwakuqala enqondweni okwesibili ezenzweni. Ngakho ke, kudingeka ukuthi silawule imicabango yethu ukuze sivimbe umcabango wesono ekubeni yisenzo esiyisono.

KwabaseRoma 12:2

*Lingalingisi lumhlaba, kodwa liphendulwe ngokwenza zibentsha ingqondo zenu, ukuze libonise okuyintando kaNkulunkulu, lokulungileyo lokwamukelekayo, lokupheleleyo.*

2 KwabaseKorinte 10:5b

*... Lemicabango yonke siyithumbela ukumlalela uKristu.*

KwabaseFiliphi 4:8

*Elokucinake, bazalwane, konke okuliqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okuhlambulukileyo, konke okuhlambulukileyo, konke okuhle, konke okulodumo oluhle, uba kukhona okudumisekayo, nakanani ngakho lokhu...*

- Vuma imicabango yesono kuKristu. Khetha umcabango omutsha.
  - Isibonelo somcabango oyisano: 'Imuli yami kayibongi konke engiyenzela khona.' Vuma ubumina ube usuthandaza, 'Nkulunkulu, ngikhetha ukukusebenzela lokudumisa wena. Ngisize ngingakhangeleli ukubongwa yimuli yami, kodwa ukuthi ngikuthokozise ngomsebenzi wami langesimilo sami.'
  - Kuphinde lokhu ngaso sonke isikhathi ufikelwa yimicabango elesono.



### Bamba amavesi ngekhandha

Amahubo 119:11

*Ilizwi lakho ngilibekile enhlizweni yami, ukuze ngingoni kuwe.*

- UJesu wakhuluma ivesi le ukuze anqobe izilingo zikaSathane. Uma ungawazi amavesi angakunceda cela umfundisi kumbe omunye umngane.
- Ukubamba ivesi ngekhandha kusincedisa ukulawula inqondo zethu njalo kugcina iqiniso enqondweni zethu.

### Isiphetho Lokwenza

- Sonke silezono enhlizweni zethu, njengokungcola kwesawudo. Akekho ngitsho oyedwa wethu omsulwa ongelasici. Izono zethu zisenza sibe duma.
- UNkulunkulu ulangazelela ukusithethelela izono zethu njalo asisize ukubana sisizikhuphe empilweni zethu. Lokhu kuyasenza siphinde sibe litswayi njalo lokhu kuyasancedisa ekwenzeni izenzo zothando ezigabeni zethu.
- Ukuze siinqobe isono kumele sisikhiphe isono (iba sazi isono, vuma isono uthethelelwe, ube usuphenduka) najlo siguqule inqondo zethu (thandaza. Lawula imicabango yakho, bamba amavesi ngekhandha). Lokhu kudinga ukuzimisela lesikhathi, kuthwa kuthazwa. UJesu sowasinqoba isono lokufa! Amandla akhe anganqoba isono esisempilweni zethu njalo.



Citha umzuzu ubuza uNkulunkulu ukuthi kungabe kulesono empilweni yakho afuna usinqobe na? Mcele ukuba akuthethelele, ube usuphenduka ube usukhetha ivesi eyodwa ongayibamba ngekhandla ongayitsho uma usulingeka ukwenza lesa sono.

Asithandazeni: Nkulunkulu, sisize sikhuphe izono ositshengisa zona. Izwi lakho lempilo yakho makuguqule inqondo zethu ukuze sigcwaliswe liqiniso lothando lwakho.

# Isifundo sesihlanu: Ukufaka Okuhle Endaweni Yokubi

**Umqondo Omqoka:** Ukwenza izinto ezinhle endaweni yokwenza okubi kuqakathekile ekunqobeni isono empilweni zethu.

**Impahla ongakhetha ukuzisebenzisa:** Insiza ebonwa ngamehlo ongakhetha ukuyisebenzisa evela egwalweni lwezifundo zeTswayi loKukhanya, isifundo sesihlanu.

## **Ukuphindela Emuva Kusifundo 1-4**

- Kumele sibe litswayi lokukhanya ezigabeni zethu ukuze silethe udumo kuNkulunkulu.
- Singela thando singenza okuhle, kodwa kungatsho lutho.
- Sonke silezono enhlizweni zethu. Kumele sinqobe isono ngokusikhipha lokuguqula inqondo zethu.

## **Isingeniso**

Kuleny into okumele siyenze njalo ukuze sinqobe isono.

### **INDATSHANA**

Kuleny indoda eyayisakha indlu kancane kancane. Kwakuleninga eyodwa: yayihlala katshana lalapho eyayisakha khona. Kwezinye izikhathi yayithola imbuzi lenkukhu zabomakhelwane ziphakathi endlini. Indonda yaqedisa imiduli yavala iminyango yonke ukuze izifuyo lezi zingangeni. Kuthe sokulaphaya, yathola ukuthi kwasokulamagundwane ayeselomlindi kwelinye ikhona. Yakhipha amagundwane la, yavala lomlindi, yahle yaqedisa uphahlwa lwendlu le. Ithe isiphenduka ukuzosebenza endlini yayo yathola umakhelwane wayo esethengisa utshwala ayezipekela bona endlini yayo. Izondile yaxotsha umama lo. Yahle yafaka isikhiye emnyango.

Indoda le yananzelela ukuthi ingabe ilokhe itshiye indlu le ingelalutho, kukhona okwakuyangena phakathi. Uma yona ingasazikhethelanga okuzangena endlini yayo, kwakuzangena izinyamazana labantu abangamukelwanga. Wanxusa imuli ethuleyo ekhuthuleyo ukuthi izohlala endlini le kuze kuyofika isikhathi lapho eyayizathutha khona isizohlala endlini yayo.

- Inggondo zethu lemicabango yethu kufana lendlu yalindoda.
- Angeke sakhapha isono sethu kuphela. Kumele sifake izenzo ezihle endaweni yezenzo ezibi.

## **Imiqondo Emqoka**

**Inyathelo lokucina ekungqobeni isono yikwenza okuhle endaweni yokwenza okubi.**



### **Balekela isilingo**

- Balekela isilingo.
  - Ukunqoba isono kufana lokulwa. Ukuze unqobe ekulweni, kumele wazi isitha sakho njalo umele wena uzazi ubuthakathaka bakho.
- Yala ukulingwa uthembe uNkulunkulu. UNkulunkulu wethembisile ukuthi uzakusiza umelane lezilingo.

UJakobe 4:7

*Ngakhoke zehliseleni kuNkulunkulu, lwanini loSathane ng'khona ezakulibalekela.*

1 KwabaseKorinte 10:13

*Kalifikelwanga yikulingwa okungejwayelekanga ebantwini. UNkulunkulu uthembekile, kayikuvuma ukuba lilingwe ngokungaphezu kwamandla enu; kodwa nxa ukulingwa kufika, uzakulinika indlela yokuphepha, ukuze libe lamandla okukuthwala.*

### **Woba lemikhuba emitsha**



- Endaweni yemikhuba elesono, woba lemikhuba emitsha.
  - Uma sengiphendukile ekuzondeni uma ukudla kwantamba kungaphuza ukulethwa, ngingenza umkhuba wokubuza uNkosikazi wami ukuthi ngingancedisa ngaphi ukuthi aphantise ukuqeda.
  - Uma sengikhethe ukungahlangani labangane ebhawa nsukuzonke ntambama, ngingenza umkhuba wokuchitha leso sikhathi labantwana bami.
  - Uma ngilenkinga yokukhonona kumbe ukungasuthiseki, ngingafunda umkhuba wokuthi intambama yinye ngayinye ngiyaqamba izinto ezithathu eziyabe zenzakale ngalolosuku engizibongayo.

### **Ziphendulele**



- Ukunqoba isono kunzima. Sidinga uncdo.

Umtshumayeli 4:9–10

*Ababili bangcono kuloyedwa, ngoba bayazuza umvuzo omuhle ngokutshikatshika kwabo: ngoba uma omunye esiwa umnakwabo uzamvusa; kodwa maye kulowo owayo eyedwa ngoba kungekho ongamvusa.*

- Dinga umuntu ozakubuza ukuba uqhuba kanjani ngesilingo sakho njalo ozakukhuthaza akuqinise uma ukhetha ukwenza okuhle kuleyo ndawo.
- Khetha amakholwa azimisele ukwabelana lawe lapho abathwele nzima khona labo.
- Ngesikhathi sisiba lemikhuba emihle, kubalula ukunqoba isono ngezikhathi ezilandelayo. Ngesikhathi sikhetha kuhle, kuhamba kusibalula.

## Funda ukulandela inyathelo ukuze unqobe isono

Masikhangeleni isibonelo esendlela esinganqoba ngayo isono sokukhonona.

- Okwakuqala, khipha isono.
  - Iba sazi isono. 'Ngikhonona ngomsebenzi wami. Akumelanga ngikwenze lokhu'.
  - Vuma isono njalo ucele ukuthethelewa. 'Nkosi, ngiyavuma ukuthi ngiyakhonona ngokusebenza nzima engikwenzayo. Ngicela ungithethelele.'
  - Phenduka. 'Kulokuthi ngikhonone, ngizazama ukukhuluma okuhle ngihlale ngibonga'.
- Okulandelayo, ukuguqula ingqondo zethu.
  - Thandaza nsukuzonke. 'Ngidinga usizo namhla ukuze ngingakhononi. Ngicela ungincedise ngihlale ngingobongayo njalo ngihambe emsebenzini ngithokoza'.
  - Ukulawula imicabango yethu. 'Uma ngikhonona, ngiyabe ngizicabanga mina ngokwami. Kodwa kathesi ngifuna ukucabanga ukuthi umsebenzi wami umdumisa njani uNkulunkulu. Ngifuna ukucabanga ngaye kulokuthi ngicabange ngami'.
  - Bamba ivesi ngekhandu. KwabaseFiliphi 2:14 ithi, *'Yenzani zonke izinto ngokungasoli langokungabuzi'*.
- Emaphethelweni, yenza imikhuba emihle endaweni yemikhuba emibi.
  - Balekela isilingo. 'Ngihlala ngikhonona uma ngilo \_\_\_\_\_. Kumele ngingasabonani laye kumbe ngimtshela ukuthi angisafuni ukukhonona futhi.
  - Funda imikhuba emitsha 'Uma ngingalingwa, sokusithi ngikhonone, ngizacabanga izinto ezintathu engizibongayo'.
  - Ziphendulele. Ngizatshela u \_\_\_\_ ngesifiso sami sokunqoba ukukhonona. Ngizacela ukuthi angikhangele angibuze, njalo uma engangibuza ngalokhu angisoze ngicatshise izono zami. Ngiyafisa njalo ukuncedisa u \_\_\_\_\_ anqobe izono uma evuma ukuziphendulela.

## Isiphetho

- Kumele sibe litswayi lokukhanya ezigabeni zethu ukuze silethe udumo kuNkulunkulu.
- Singela thando singenza okuhle, kodwa kungatsho lutho.
- Sonke silezono enhlizweni zethu. Ezisenza sibe duma. Kumele sinqobe isono ngokusikhipha, ukuguqula inqondo zethu, lokwenza imikhuba emihle endaweni yemikhuba emibi

## UKUZIHLOLA

Thandaza ucele uNkulunkulu akutshengise isono afuna usinqobe. Thatha imizuzwana uthule ulalele ukuze alethe umcabango enqondweni zakho. Ube usu mcela ukuba akusize ulandele inyathelo ukuze usinqobe leso sono. Yenza uhlelo.

# Isifundo sesithupha: Ukuba Libandla Eliyitswayi Lokukhanya

**Umqondo Omqoka:** Inguquko iza ngokuhlala sithembekile ekulaleleni indawo zonke ezempilo yethu.

## Ukuphindela Emuva Kusifundo 1-5

- Kumele sibe litswayi lokukhanya ezigabeni zethu ukuze silethe udumo kuNkulunkulu.
- Singela thando singenza okuhle, kodwa kungatsho lutho.
- Sonke silezono enhlizweni zethu. Ezisenza sibe duma. Kumele sinqobe isono ngokusikhipha, ukuguqula inqondo zethu, lokwenza imikhuba emihle endaweni yemikhuba emibi.

## Isingeniso

- Cabanga omunye umuntu ehambe egangeni (kumbe ehlathini) ukuyodinga inkuni. Abe eselahleka emnyameni, usedinga indlela ezambisela ekhaya. Ubona amalangabi omlilo katshana le ahle aqonde khona, esahamba ethembeni kuyanyamalala ukukhanya lokhuya. Uyabhodabhoda khonapho, elokhe etsholobela, kuze kuyosa eselahleke impela.
- Ngabe wayelokhe ebona ukukhanya komlilo njalo njalo, wayezakubakwazi ukuthi ayengaphi. Impilo yakhe yayizasindiswa.
- Njengebandla eliyitswayi lokukhanya, izenzo zethu ezihle zikhanyisa isibane sothando lukaNkulunkulu. Kumele sibone ukuthi isibane lesi sihlala sikhanya!

## Imiqondo Emqoka

**UNkulunkulu usibizela ekwethembekeni impilo zethu zonke.**

Ibandla laseTsalonika laba yisibonelo kwamanye amabandla.

1 KwabaseTsalonika 3:11-13; 4:1, 9-10

*Kungathi uNkulunkulu loBaba uqobo leNkosi yethu uJesu angayiqondisa indlela yethu yokuza kini; leNkosi ikhulise uthando lwenu, omunye komunye lakubo bonke abantu, njengokuba sinjalo thina kini, ukuze iqinise inhliziyo zenu, zingabi lakusoleka ebungcweleni phambi kukaNkulunkulu uBaba ekufikeni kweNkosi uJesu kanye labantu bakhe bonke ...Njengalokhu lakufunda kithi ukuthi lifanele ukuhamba lokumthokozisa kanjani uNkulunkulu, njengalokho lihamba ngokunjalo, kwenzenike lokhu kakhulu...Mayelana lothando lobuzalwane kalidingi ukuba ngililobele, ngoba lina uqobo lifundisiwe nguNkulunkulu ukuba lithandane. Ngempela liyakwenza lokhu, liyabathanda bonke abazalwane base Makedoniya lonke. Kodwa siyalilaya, bazalwane, ukuba likwenze lokhu kakhulu.*

- UPawuli uncoma amakholwa ngezenzo zabo zothando.
- Uyabathandazela njalo uyabakhuthaza ukuthi bengezelele uthando lwabo kakhulu.

2 KwabaseKorinte 8:1-5

*Siyalazisa bazalwane, ngomusa kaNkulunkulu awuphiweyo amabandla aseMakedoniya, ukuthi ekulingweni okukhulu ngezinhlopheko ezingaka ukuthokoza kwawo kube kukhulu, aze aphana ngokupheleleyo ebuyangeni bawo obukhulu. Ngoba ngokwawo anikela ngamandla awo, yebo, ngingafakaza ngithi langaphezu kwamandla awo; asicela kakhulu ukuba anikwe ithuba lokuhlanganyela lathi ekusizeni abangcwele. Kakubanga njengokuthemba kwethu kuphela, kodwa bazinikela bona uqobo kuqala eNkosini, lakithi futhi ngentando kaNkulunkulu.*

- UPawuli uthi AbaseTesalonika (ITesalonika yayiseMakedoniya) babezimisele ukunikela ngoba babenikela kuNkulunkulu lakwabanye.

UDuteronomi 5:32-33

*Ngakhoke qaphelani ukuba lenze njengokulilayo kwayo iNkosi uNkulunkulu wenu; limgaphambukeli ngakwesokunene langakwesokhohlo. Lizakuhamba endleleni yonke iNkosi uNkulunkulu elilaye yona, ukuba liphile, kulilungele, lihlale isikhathi eside elizweni elizakuba ngelenu.*

- ‘Ukuhamba’ ekumlaloleni kutsho ukuthi asisoze sime. Kumele silandele njalo silalele uNkulunkulu impilo zethu zonke, hatshi lapho okuvuma khona kuphela.

## **Unkulunkulu Usibizele Ekwethembekeni Impilo Yethu Yonke**

ULuka 2:52

*Ujesu waqhubeka ekuhlakanipheni, lasekukhuleni, lasekuthandweni nguNkulunkulu langabantu.*

- Ujesu wakhula emicabangweni (ekuhlakanipheni), wakhula enyameni (esimeni), emoyeni (ekuthandweni nguNkulunkulu), lasekuhlalisaneni labantu (ekuthandweni ngabantu).
- Kuzonke indawo ezine lezi abantu balezidingo ezehlukeneyo.
  - Inhlakanipho – Imfundo, ukufunda ube lolwazi lokwelapha imikhuhlane kumbe ukugcina imali.
  - Enyameni – ukunakela impilo, imizi efudumeleyo, ukuba lokudla okwaneleyo, amanzi ahlanzekileyo.
  - Emoyeni – Insindiso, ukusondela duze luNkulunkulu.
  - Ekuhlalisaneni labantu – Ukuthathana lobudlelwano bokukhulisa abantwana, ubudlelwano babantu esigabeni.
- Indawo ezine lezi zenza izibonelo zokuthi imuli zethu, izigaba zethu, lathi ukuthi kumele sikhule njani.

- Ukuzesibone inguquko, izenzo zethu zothando kumele zisize abantu kundawo zonke ezine ezempilo.
- Ibandla lethu selisebenzile kwezinye indawo. Sesiyenze lokhu \_\_\_\_\_ (*bhala ezinye izenzo zothando ibandla lakho eselizenzile*). Kodwa kulezinye izidingo esigabeni sethu ezifana le \_\_\_\_\_. Yiziphi izenzo zothando esingazenza ukuze sihlalane lezidingo lezi? (*Bhala imiqondo. Khuthaza amalunga ebandla lakho ukuthi axoxe ngemiqondo abalayo njalo.*)

## **Inguquko iza ngokuthembeka ekulaleleni impilo zethu zonke njalo njalo**

Lalela indatshana yeqiniso eyebandla elenza izifundo ekade sizifunda kuTCT.

Kulesigodi esisendaweni ekude labanye. Isigodi lesi siphakathi le ezintabeni njalo silabantu abaziphilela impilo elula. Abantu bakulesi sigaba babesenza iwayini yerayisi, belima njalo bebhema igwayi. Babengavamanga ekusebenzeni kodwa inengi labo lalitshona lidakwe yiwayini yerayisi ababeziphekela yona. Inhlanzeko yakulesi sigodi yayimbi kakhulu; babegeza kanye ngenyanga, bengagezi izandla zabo, njalo bengela zambuzi. Impahla zabo zazimadabudabu, abantwana babegqoka kancane nje.

Kwezomnotho isigodi lesi sasidubeka. Kwakungela mgwaqo osihlanganisa lomgwaqo omkhulu – kwakulendlela nje yokuhamba ngenyawo. Ngenxa yalokhu abantu babesenelisa ukuthengisa lokho ababesenelisa ukukuthwala ngeqolo, besiya emkambo katshana, kulokho abakuvunileyo. Ngenxa yokuthi babethengisa okulutshwane lokhu kwabenza balima okulutshwane emasimini abo.

Abantu abakulesi sigodi babengamaKristu, kodwa kulutshwane ababekufundile ngoNkulunkulu. Babengelaye umkhokheli webandla, njalo akula bafundisi ababehamba kuleyo ndawo ngoba imigwaqo yabo ingahambeki. Ukuthi ubavakatshele kwakumele utshiye umdududu wakho emgwaqweni omkhulu, ube usuhamba okwamahola amathathu, ulethemba lokuthi uyathi uphenduka umdududu wakho uyabe ulokhe ukhona ungatshontshwanga! Babengela ndawo yokuhlangana, njalo babengakhuli emoyeni ngitsho.

Ibandla lezwa ngohlelo lweTCT laselincenga umkhokheli wasendaweni uyabo ukuthi abafake labo emfundisweni lezi. Okwesikhathi eside akula mbalisi owayefuna ukuyakhona – kwakungumango omude odinisayo. Lanxa sebehambile bayofika esigodini lesi, inhlanzeko yayiphansi okokuthi ngeqiso babeyagula. Ngalokho, uNkulunkulu wakhuluma lomunye wababalisi wacina evuma ukuhamba.

Ibandla laqala ukufunda uhlelo lweTCT. Enye yemisebenzi uNkulunkulu abahola ekuyenzeni kwabayikuqhelisa indlela esuka esigodini sabo isiyafika emgwaqweni omkhulu – umango ongamakhilomitha alitshumi odlula ezintabeni. Balalela uNkulunkulu baqhelisa umgwaqo lo besebenzisa izikhali ezisetshenziswa ngezandla. Kwakungumsebenzi onzima kakhulu, kodwa uNkulunkulu wababusisa. Ngenxa yalumgwaqo izilimo zabo zaba lentengo ephezulu ngoba

basebesenelisa ukuzisa emkambo zisesezitsha masinyane. Umgwaqo omkhulu wawusitsho ukuthi basebethengisa okunengi – babengasathwali izilimo zabo ngamaqolo. Ngenxa yokuthi basebethola inzuzo enhle, bakhuthalela ukusebenza nzima, ngakho sasesisilutshwane isikhathi sokudakwa. Abantu baqala ukusebenza emasimini abo, belima sebethengisa izilimo eziphindwe izikhathi ezilitshumi kulezo ababezithengisa kuqala!

Isigodi lesi asisabalelwa kulezi ezingakakhuli, siyaguquka masinyane. Ngoba ibandla lasebenzisa izifundo zempilakahle lazifundisa ezigabeni, wonke umuntu sekwazi ukwelapha imikhuhlane evamileyo, wonke umuntu selesambuzi, lesivande semibhida. Ibandla laqala uhlelo lokufundisa abantu ukubala; ebona ukulangazelela ukufunda okungaka uHulumende wabanikeza isikolo. UNkulunkulu ubabusi njalo ngamagetsi phezu kokuthi izigodi ezibucwadelana lalapho okuvela amagetsi lezinye izigodi azikabi lawo.

Isigodi lesi siyisibonelo ebantwini abanengi ukuthi uNkulunkulu uyaletsa izibusiso uma abantu abakhe bengamlalela okokwethembeka emlayweni wakhe wokuthanda abanye. Bathi sebebuzwa ngemva kweminyaka emithathu ukuthi zingaki izenzo zothando ababezenzile, babengasenelisi ukuzibala. Loba bebuzwa ukuthi zingaki enyangeni ezintathu ezedluleyo, zazizinengi zingeke zaqanjwa zonke. Kodwa bachasisa ukuthi benza izenzo sothando esisodwa kumbe ezimbili ngeviki, sokuyindlela abaphila ngayo. Uma bebona okumele kwenzwe, bayahamba beyokwenza nje!

- Ibandla leli, elalisazi okulutshwane ngoNkulunkulu, lenza lokhu elakutshengiswa ukubana likwenze. Baqhubeka bekwenza, hatshi kanye kuphela, kodwa bakwenza njalo njalo ngokwethembeka.
- Ngezenzo zabo ezinengi ezothando, uNkulunkulu wabusisa isigodi lesi ngakho konke esasikudinga.
- Ibandla leli lingaba yisibonelo esihle ebandleni lethu. Singenza izenzo zothando ezinengi, ezisiza indawo zonke ezempilo yethu. Singahlala sisenza konke esikufundiswayo. Singenza lokhu uNkulunkulu asitshengisa ukuthi sikwenze.
- *Mfundisi: Nxusa amalunga ebandla ukuthi bahlale behlangana ukuze behlele izenzo zothando. Ubatshele ukuthi baze emhlanganweni wakuqala belemiqondo yezidingo endaweni zonke elikhulume ngazo.*

Amabandla abone inguquko enkulu emangalisayo ezigabeni zawo ngamabandla azimisela ukwenza yonke imihlobo yezenzo zothando, ngenyanga ngenyanga kumbe kanye emavikini amabili.

### **Isiphetho Lokwenza**

Kumele sibe libandla eliyitswayi lokukhanya, ngokwethembeka sikhanyise isibane sikaNkulunkulu ngokuhlala sisenza izenzo zothando ezithinta indawo zonke zempilo. U ma singenza lokhu, isigaba sethu sizadumisa uNkulunkulu njalo siguqulwe.



*Mfundisi: thatha isikhathi ubonge uNkulunkulu ngokuthelela okwenzwe yizenzo zothando,  
khetha ingoma zokudumisa loba iphi indlela elitshengisa ngayo ukuthokoza ebandleni lenu.*

# Isifundo sesikhombisa: Ingxenye Yomzimba

**Umqondo Omqoka:** Kumele sidinge indlela zokusebenzisa izipho zethu ukuthi sisebenze njalo sikhuthaze abanye ukuthi basebenze labo.

## Ukuphindela Emuva Kusifundo 1-7

- Kumele sibe litswayi lokukhanya ezigabeni zethu ukuze silethe udumo kuNkulunkulu.
- Singela thando singenza okuhle, kodwa kungatsho lutho.
- Kumele sinqobe isono ngokusikhipha, ukuguqula inqondo zethu, lokwenza imikhuba emihle endaweni yemikhuba emibi.
- Izenzo zothando kumele zihlale zisenziwa – izenzo zothando ezehlukeneyo ezithinta indawo ezehlukeneyo zokukhula njalo zigxile emthandazweni.
- Ngamandla kaNkulunkulu, ibandla eliyitswayi lokukhanya liyasigula isigaba salo.

## Isingeniso

- Cabanga ngesikhathi lapho owawungezwa kuhle emzimbeni ingxenye yomzimba wakho ingasebenzi kuhle (isibonelo: Ubuhlungu emadolweni, amehlo abuthakathaka, ukulunywa esiswini)
  - Kuphazamisa umzimba wonke! Kunzima ukusebenza, kunzima ukukholisa impilo.

## Imiqondo Emqoka

### **Ukukhunjuzwa ukuthi kungani kumele sisebenze**

- UNkulunkulu wathuma uJesus ukuthi afe, ukuze abuyise ubudlelwano obuthathu obasobephukile ngesikhathi uAdamu esona – abantu loNkulunkulu, abantu bebodwa, abantu lezidalwa. Sibizelwe ukuletha ukuphila ebudlelwaneni bonke bobuthathu.
- Abantu baqakathekile kuNkulunkulu – kakhulu okokuthi wathuma indodana yakhe ukuthi ibafele. Lathi kumele sinakekele abantu.
- UNkulunkulu wathi wayengaphenduli imithandazo yebandla ngoba lehluleka ukunakekela abafelokazi lezintandane (Isaya 58).
- Lapho uJesus kumbe uPawuli efinyeza iThestamente elidala, kathathu wakwenza lokhu ngokufundisa ukuthi kumele sithande uNkulunkulu sithande lomakhelwane, njalo baphinda kathathu ukuthi sithande umakhelwane – ngoba yiyo indlela esitshengisa ngayo uthando lwethu kuNkulunkulu.
- Emfanikisweni womSamariya olesihawu, umSamariya olesihawu wanakekela indoda eyayitshayiwe, wamwakekela; akazange wamtshumayeza.

- Emfundisweni yezimvu lembuzi, uJesu wafundisa ukuthi kumele sinikeze ukudla kulabo abalambileyo, amanzi kulabo abomileyo, sivakatshele ababotshiweyo kume abasentolongweni njalo sigqokise abahamba ze. Uma sikwenzela omunye umuntu, kungani senzela uKristu.
- Sibizelwe ukwakha umbuso kaNkulunkulu. Lokhu kutsho ukuthi sifuna abantu abanengi babengamaKristu njalo sifuna amaKristu abalalela uNkulunkulu impilo zabo zonke.
- UNkulunkulu wethembisile ukuthi, uma singamlalela, uzakusibusisa. Usinikezile izixwayiso okumele sizilandele ukuze senze impilo zethu zibe ngcono. Kumele simlalele.

## **Kumele sonke sidinge indlela zokusebenzisa izipho zethu ekukhonzeni**

1 kwabaseKorinte 12:12-20

*Ngoba njengoba umzimba umunye kodwa ulezitho ezinengi, loba zizinengi, zonke zingumzimba munye, kunjalo loKristu. Ngoba ngoMoya munye than sonke sabhaphathizwa sibe mzimba munye, loba singabaJuda loba singamaGriki, loba siyizigqili loba singabakhululekileyo. Thina sonke sanathiswa Moya munye. Umzimba kawusiso isitho sinye kodwa ungezinengi. Uba unywao lusithi: Lokhu ngingesandla, kangisikho okomzimba; lokho ngeke kwalwenza ukuba lungabi yikho okomzimba. Uma indlebe isithi: Lokhu ngingesilo ilihlo, kangisikho okomzimba; lokho kungeze kwayenza ukuba ingabi yikho okomzimba. Uba umzimba wonke ubuyilihlo, ngabe kungaphi ukuzwa na? Uba umzimba wonke ubuyindlebe, ngabe kungaphi ukunuka na? Kodwake uNkulunkulu umisile izitho zonke emzimbeni yileso laleso njengokuthanda kwakhe. Uba zonke beziyizitho zinye, umzimba ngabe ungaphi na? Kodwake izitho zinengi, kanti umzimba munye.*

- SONKE singamalunga omzimba kaKristu.
- Ukuze umzimba usebenze kuhle, amalunga ebandla kumele ayenze umsebenzi wawo.

Kwabase-Efesu 4: 16

*Kuyo umzimba wonke...ukhule umzimba nxa ileso laleso sitho sisebenza kuhle, uzakhe ngothando.*

- Umzimba ukhula kuhle uma izitho zonke zisenza umsebenzi wazo.
- Ibandla likhula kakhulu uma sonke singasebenzisa izipho zethu.

KwabaseRoma 12:4-8

*Ngoba njengoba silezitho ezinengi emzimbeni munye, kodwa izitho zonke kazilamsebenzi munye, kunjalo thina esibanengi, singumzimba munye kuKristu; siyizitho omunye komunye. Sileziphiwo ezehlukeneyo njengomusa esiwuphiweyo; uba isiphiwo siyikutshumayela, asitshumayele isilinganiso sokukholwa kwethu; uba siyikukhonza, kakube senkonzweni. Ofundisayo kasebenzise isiphiwo sakhe ekufundiseni, lolayayo kasisebenzise ekulayeni;*

*ophanayo kanike ngesihle; osizayo kasize ngokutshiseka; olesihawu kakwenze ngentokozo.*

- Sonke silezipho esizinikiweyo. Ulolwazi bani kumbe ulesipho bani wena?
- Kumele izipho zethu zisebenze ekudumiseni iNkosi.
- Nikeza izibonelo zamathuba okusebenza, okugoqela izenzo zothando (indlela abantu abasebenza ngayo kathesi lalapho ibandla elisadinga uncedo khona).

## **Kumele sikhuthaze abanye ukuthi basebenze**

AmaHeberu 10:24

*Kasiqaphelisise ukuthi singavuselelana kanjani ekuthathandaneni lemisebenzini emihle...*

- Ncedisa abantu ukuthi bazi izipho zabo lokuthi bengazisebenzisa njani.
- Nxusa abantu ukuthi bazosebenza lawe.
  - Abantu abanengi abazimiseli ukwenza ulutho ngaphandle benganxuswa ngomunye ukuthi benze. Bangezwa kukhulunywa phambili ebandleni bazicabangele ukuthi abanye ebandleni bazakwenza lokho.
- Sebenzani ndawonye.
  - Kwenza lenelise ukuziphendulela.
  - Kwakha ubudlelwano lokubambana.
  - Kuba mnandi.
- Nanzelela abantu ubabonge.
  - KwabaseRoma 16 – kubhalwe amabizo amanengi lezinto labo abantu abazenzayo.
  - UPawuli wananzelela ukusebenza nzima kwabo wasebhala amabizo abo!
  - Ukubonga abantu kubenza bazizwe beqakathekiswa.

## **Uma sisebenzela abanye, sisebenzela uJesu**

- Cabanga ukuthi kungenzakalani uma uJesu engabuya esigodini sakithi. Wonke umuntu uyabe efuna ukumenzela okuthile. Uma omunye umuntu ezithi ungumKristu abe sesekela ukwenza ulutho, uzacabangani?

UMathewu 25:40

*'Ngiqinisile ngithi kini: Njengokuba likwenzile komunye walaba abafowethu abancinyane, likwenzile lakimi '.*

- Uma sisebenzela abaswelayo, Sisebenzela yena!
  - Kuguqula indlela esicabanga ngayo ngokukhonza.
  - Loba kunanzelelwa kumbe kungabongwa, kuqakathekile ukusebenza.
  - Kuyinhlanhla njalo kuyathokozisa ukumsebenzela.

## **Isiphetho Lokwenza**

- Sonke siyingxenye yomzimba njalo kumele sisebenzise izipho zethu zonke ekusebenzeni.
- Kumele sikhuthazane ukuthi sisebenze njalo sisebenze ndawonye.

- Uma sisebenzela abanye sisebenzela uJesu.
- Cabanga ngendlela ongasebenzisa ngayo izipho zakho uma usebenza lendlela ongakhuthaza ngayo omunye ukuthi asebenzise izipho zakhe.

*Mfundisi: Nxusa abantu kumhlangano olandelayo wokuhlela izenzo zothando ubatshela lokuthi uzabe unini (bona uMhlahlandlela wokuhlela kwabaFundisi).*

# Umhlahlandlela Wokuhlela Kwabafundisi: Ugxile Ezifundweni Zetswayi Lokhukhanya 7-9

## Indlela Yokwenza Imfundo Eqhubekayo

Esinye isenzo sothando 'yimfundo eqhubekayo.' Lesi senzo sigcwalisa ulwazi kulabo esihlala labo ukuze abantu abanengi baphile ngendlela uNkulunkulu afisa ngayo. Nanzi ezinye indlela wena njengoMfundisi ongenza ngayo imfundo eqhubekayo.

- **Intshumayelo lemfundiso ezivela kuMfundisi** – Phezu kokuletha imfundiso kamoya lokukhuthaza ibandla, kungaba lamathuba okufundisa ulwazi lokuqinisa umendo kumbe okokuba ngumzali. Lokhu kungenziwa ngesikhathi sokutshumayela kumbe kwesinye isikhathi ngemva kwentshumayelo.
- **Iqembu elincane elifundayo** – Amaqembu amancane yindawo enhle lapho ongaphindela emuva ezifundweni oyabe uzifundile. Wonke umuntu kusukela emaqenjini abafazi kumbe awabatsha angafunda okunye ngokuzwa lezi zifundo.
- **Izifundo ezihleliweyo ezabantu bonke besigabeni** – lingathatha izifundo ezisegwalweni lwezeMpilakahle, Umendo leMuli, leNdaba zemali ukuze zifundiswe ngemva kwenkonzo kumbe phakathi kweviki. Lokhu kwenza amaKristu labantu abangasomaKristu, bafunde ndawonye, besakha ubudlelwano bevula amasango okuhlanganyelana.
- **Amathuba okufundisa ungahlelanga** – Sisaqhubeka ngempilo yethu eyansukuzonke – sivakatshela abagulayo, sisebenza emasimini, sinakekela abantwana bethu, sinatha itiye lomngane – singaxoxa ngalokhu esikufundayo lalabo esiyabe sihlezi labo. Esinye isibonelo lilunga lebandla elixoxa isifundo lesi ngesikhathi sokudla ukudla kwemini kanye ngeviki ebantwini elisebenza labo emasimini. Indlela enhle yokukhuthaza ukufundisa izifundo lezi okungekho ehlelweni yikufundisa isifundo esisodwa ngeviki inye ngayinye ebandleni ukuze abantu basibambe labo bafundise abanye abazahlangana labo phakathi kweviki.

## **UKWENZA**

Thatha imizuzu embalwa ubuze kuNkulunkulu ukuthi yikuphi kulokhu afuna ugxile kukho. Thula ulalele ukuze uMoya ongcwele akutshengise iqiniso njalo akunikeze lamacebo.

## Inyathelo Zokuhlela Izenzo Zothando Zokwenza Njalo Njalo

- Hlalani lihlalanga

- Njengebandla, kumele libe lihlangana njalonjalo ukuze lijonge ezenzweni zothando ukuze abantu bangasuki baphatheke bakhohlwe ngazo. Ungakafundisi isifundo sesikhombisa, hlangana labakhokheli bebandla livumelane ukuba liyabe lihlangana kangaki ukuze lihlele izenzo zothando. Zamani ukuhlangana kumbe kanye ngenyanga. Ube usukhuluma eliyabe likuvumelene phambi kwebandla ngesikhathi ufundisa isifundo sesikhombisa.
- **Thandazani ndawonye**
  - Vulani umhlangano ngomthandazo. Kungamandla kaNkulunkulu lenhlakanipho evela kuye kuphela engasenza senelise ukuguqula isigaba zethu. Kungumsebenzi ongenzekiyo uma yena engekho, kodwa uma yena ekhona eqinisweni singawenza umehluko. Singakhohlwa amandla okuthandaza; lingayengelwa ekukholweni ukuthi izenzo zethu zanele zingelawo umthandazo.
- **Cubungulani izidingo lithandaze**
  - Umuntu wonke umele athi lapho ebuya emhlanganweni lo abuye ezilungisele ukuxoxa ngezidingo abazibonayo lapho abakhona. Banikeze ithuba lokuthi babele abanye.
  - Hola iqembu esikhathi sokuthandaza. Lingacela uNkulunkulu ukuthi alinikeze ukuhlakanipha, lokuthi alitshengise izidingo okumele lihlangane lazo, thulanini okwesikhatshana. Ngemva kwemizuzu engaba mihlanu eyokuthula, bongani uNkulunkulu ukuthi uzimisele ukusihola lokusihlahlela indlela. Thandazani ukuthi uNkulunkulu alisize ukuthi lenze uhlelo oluzaletha udumo kuye.
  - Cela iqembu ukuba litsho imicabango eyabe ifikile ngesikhathi bethule. Ibhale kule eminye imiqondo ebhalwe phansi. Uma kungela miqondo emitsha qhubekani ngale ekade ibhaliwe. Likhangele ukuba nguphi umqondo elizaqala ukuwenza. Ncedisa iqembu ukukhetha umsebenzi wokwenza.
- **Yenzani uhlelo**
  - Khumbula ukuthi imisebenzi emincane ehlala isenziwa ingcono kulomsebenzi omkhulu owenziwa kanye ngoba:
    - Ilula ukwenza
    - Uma abantu besigabeni bebona imisebenzi emincane ehlala isenziwa abakhohlwa njengalapho bebona umsebenzi omkhulu owenziwa kanye ngomnyaka.
  - Inhlelo zenu kumele zisebenzise lokhu uNkulunkulu alinika khona njalo kube kuyimsebenzi engahluphiyo ukwenza eliyiqeda ngesikhathi esifitshane.
  - Okuqakatheke *kakhulu* yikuthi inhlelo zenu zilandele lokho uNkulunkulu alitshengise ukuthi lenze. Engalitshela ukuthi lenze into engazwisisekiyo kini ngoba izaletsa udumo kuye uma engayiphelelisa.
  - Cabangani ngemibuzo elandelayo lisayenza uhlelo lwenu.
    1. Lizawenza nini umsebenzi lo?

2. Kulempahla zokusebenzisa ezidingakalayo yini? Izikhali? Lizazithola njani?
  3. Kumele linxuse abantu abazaphathisa yini? Ngubani ozakwenza lokhu?
  4. Kulemvumo okumele icelwe na? Ngubani ozayacela?
  5. Kungaba lempazamiso engasenza sehluleke ukwenza umsebenzi wethu? Uma zikhona, kuyini esingakwenza ukuthi sinqobe lokhu?
- **Thandazani libe selisenza**
    - Qedisani umhlangano wenu ngokwenza inkonzo yomthandazo (khangela phansi).
    - Libe selilandela uhlelo lwenu.
  - **Cubungulani lithandaze libonga uNkulunkulu** – Emhlanganweni OLANDELAYO, khangelani umsebenzi oyabe usuyenziwe libe selidumisa uNkulunkulu olenze laqeda umsebenzi lo.

## **Inkonzo Yomthandazo Wemhlangano Yokuhlela Izenzo Zothando**

### **Inkonzo yomthandazo 1: Ukuqakatheka Komthandazo**

Izaga 3:5-6

*Themba eNkosini ngayo yonke inhliziyi yakho, ungathembi kokwakho ukuqedisisa. Ivume endleleni zakho zonke, uzaqondisa imikhondo yakho yonke.*

- Sisahlela, kumele sikhulume loNkulunkulu, simlalele njalo ukuze sibe kwazi lokho afuna sikwenze.

Isaya 55:8

*‘Ngoba imicabango yami kayofani leyenu, lezindlela zami kazifani lezenu, kutsho iNkosi.*

- Okuqakatheke kakhulu yikuthi inhlelo zenu zilandele lokho uNkulunkulu alitshengise ukuthi lenze. Engalitshela ukuthi lenze into engazwisisekiyo kini ngoba iza letha udumo kuye uma engayiphelelisa.
- Kungamandla kaNkulunkulu lenhlakanipho evela kuye okungasenza siguqule izigaba zethu. Lingayengwa libone angathi izenzo zethu zanele kungela kuhola kukaNkulunkulu lokwengeza kwakhe imizamo yethu.

Thandazani kunyathelo linye ngalinye lokuhlela, lokwenza lokucubungula izenzo zothando.

### **Inkonzo yomthandazo 2: Ukuhlala Sithembekile**

UMathewu 21:28-30.

*Lithini na? Umuntu wayelama dodana amabili; waya kweyokuqala, wathi: Mntanami, hamba uyesebenza lamuhla esivini. Yaphendula yathi: Angithandi. Kodwa emva kwalokho yaphenduka, yahamba. Waya kweyesibili, watsho njalo. Yona yaphendula yathi: Ngiyahamba nkosi. Kodwa kayiyanga.*

- Indodana yakuqala yenza lokho okwakufunwa nguyise.
- Indodana yesibili yathi yebo, kodwa engajonganga ukulalela.



- Kumele sikhumbule ukuthi akwanelanga ukuhlela nje; kumele silandele lokho esiyabe sikhulelile.

Thatha isikhathi lithandaze, linikela inhlelo zenu kuNkulunkulu licela ukuthi alancedise ligcwalisele lokho elihlela ukukwenza.

### **Indlela Yokudinga Abantu Abazimiseleyo**

- **Fundisa ngokuqakatheka kokusebenza**

Kumele sifundise amabandla ethu ngokuqakatheka kokusebenza. Uma abantu bethu bengalwazi ubizo lukaNkulunkulu lokuthi besebenzele izigaba zabo, asisoze simangale uma sibona bengasebenzi.

- **Nxusa abantu ukuthi bezophathisa**

Abantu abanengi abazinikeli ekwenzeni ulutho baze banxuswe ngomunye umuntu. Bengazwa kukhulunywa phambili bacabange ukuthi abanye abantu ebandleni bazakwenza lokho.

Khangela udinge labo abangavamanga ukusebenza, uma usulesenzo sothando kumbe ithuba elihambelana lolwazi abalalo, thatha isikhathi sakho ubanxuse.

- **Dala amathuba**

Kwabanye kunzima ukubona ukuthi bangenzani, ikakhulu uma bengakakujwayeli lokhu ebandleni. Ngokuhlela izinto ezinjenge zenzo zothando, sidalela abantu abasebandleni amathuba okuthi basebenze.

Yiziphi izinto abantu bebandleni lakho abanelisa ukuzenza kodwa bengazenzi?

Yiziphi izenzo zothando elingazihlela ezizahlanganisa abantu abaleziphiwo ezehlukeneyo basebenze ndawonye?

- **Sebenzani ndawonye**

Khuthaza abantu ukuthi basebenze ndawonye. Lokhu kuyakha ubudlelwano lokubambana, abantu bazakholisa kakhulu kulokhu.

- **Kwenze kujabulise**

Abantu bazazinikela kakhulu, basebenze okwesikhathi eside, njalo bayaphathisa kakhulu uma bejabula kulokho abakwenzayo.

- **Nanzelela njalo ubonge abantu**

Abantu bathanda ukuncedisa laphe abezwa benanzelelwa njalo bebongwa.

Yiziphi ezinye indlela onanzelela ngayo lokubonga abantu? Yikuyini okunye ongakwenza, ikakhulu kulabo abavame ukungananzelelwa?

Abantu bonke bakhuthazwa ngendlela ezitshiyeneyo, ngakho kumele usebenzise indlela ezehlukeneyo, hatshi eyodwa kuphela. Ufuna ukudala umumo wokusebenza.

Yiwaphi amacebo angasebenza kuhle ebandleni lakho?

Thandazela ibandla.

Khetha izinto ezithathu ozazenza kulenyanga. Hlela ukuthi uzakwenza njani.